



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/Uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Mhla kufika isivakashi esasingalindelwe ekhaya. [50]
- 1.2 Intsha yanamuhla. [50]
- 1.3 Ukuba wakhuliswa kahle ngabe akabahlukumezi abanye abafundi. [50]
- 1.4 Ubuhle nobungozi bokuwina imali eningi kakhulu. [50]
- 1.5 Imicimbi yasebusuku iyimbangela yezinkinga intsha ebhekene nazo. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sihloko? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umalumekazi wakho akahlali nabazala bakho ekhaya ngenxa yokusebenza kude. Lokhu kwenza abazala bakho bathole ithuba lokwenza izinto ezingalungile behlangene nabangani babo.

Bhalela umalumekazi wakho incwadi umchazele ngalezi zinto, umtshela ukuthi sewehlulekile ubakhuza. [30]

2.2 UMLANDO NGOMUFI

Buka lesi sithombe esilandelayo bese ubhala umlando ngomufi usebenzise imininingwane oyinikiwe.



[Sithathwe ku-googlepics.com]

[30]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Endaweni yangakini kuzokwakhiwa uMtapo Wolwazi (Library), ikomidi lomphakathi lizohlangana mayelana nokwenza lo msebenzi.

Bhala i-Ajenda namaminithi omhlangano enibe nawo njengoba unguNobhala waleli komidi. [30]

2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE

Ungumdlali weqembu lesizwe ovelele. Uthishomkhulu wesikole saseThubalethu High ukucele ukuba uzogqugquzela abafundi futhi ukhulume ngokubaluleka kwezemidlalo ezikoleni.

Bhala inkulumo ozoyethula kubafundi kanye nothisha baseThubalethu High. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama -80.

3.1 ISIKHANGISI

Uvule isitolo sokudayisa ama-laptop, omakhalekhukhwini, nokunye okuphatelene nezobuchwepheshe endaweni yakini.

Bhala isikhangisi ozoheha ngaso amakhasimende.

[20]

3.2 IDAYARI

Abazali bakho bafuna ukukujabulisa emva kokuqeda ukubhala ukuhlolwa kokuphela konyaka ngokuthi ukhethwe indawo ofisa ukuyivakashela ngempelasonto, kusukela ngoLwesihlanu kuze kube yiSonto.


Bhala idayari yezinsuku ezi-3 ezoveza amalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuvakashela indawo oyikhethile.

[20]

3.3 INKOMBANDLELA

Buka umdwebo osekhasini elilandelayo bese ubhala inkombandlela ulandele imicibisholo esuka egalaji uze ufike endaweni yokuhlanganela uma kunenkinga yokusha kwendlu.

[20]



[Umdwebo wokuziqambela] [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2019

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-10.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBULO 1****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhriki uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenywe ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenywe engenihla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenywe. Ayikho ingxenywe engenihla noma engezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO (Izimpendolo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo	Ingxenywe engenihla	28–30	22–24	16–18	10–12	4–6
		-Impendulo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekumbisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhloveni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana.	-Impendulo enhlanlathayo -Imibono edidayo nenganambi -Akuzwakali kunophindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana.
AMAMAKI ANGAMA-30	Ingxenywe engezansi	25–27	19–21	13–15	7–9	0–3
		-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendulo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho.	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi AMAMAKI AYI-15	Ingxenywe engenhlia	14–15 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuheha kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.	11–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukuba namaphushana kanye nesipelingi -Ibumbeka kahle kakhulu.	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe.	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe.	0–3 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi aluqondakali -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda.
		13 -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.	10 -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeka kahle.	7 -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo.	4 -Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo.	
ISAKHIWO Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho AMAMAKI AYISI-5		5 -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu.	4 -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile.	3 -Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo.	2 -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha.	0–1 -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo.

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

NQ- ukunqamula

PND- ukuphindaphinda

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

GN – igama elingcono.

NK – inkathi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele

KM – akwenzi mqondo.

ISIV. – isivumelwano esinganembi.

AK – akudingekile.

'Si – i-aphostilofi engemukelekile.

R – irejista.

// – khombisa isigaba esisha.

^ – kunegama elingekho.

/ – ukwehlukanisa amagama.

☐ – ukuhlanganisa amagama.

√ – ulimi oluhle.

} KM - isigaba esingenzi mqondo

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30

L = 15

SK = 05

50

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba:
 - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
 - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - (i) Siyisigaba esisodwa.
 - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
 - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 Ngangithi Nginomngani

Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Ohlolwayo kulindeleke ukuba abhale ngesigameko esihle/esingesihle futhi ayengasilindele esenziwa umngani wakhe kuyena uqobo.

[50]

1.2 Saqhuma Kanye Kwathi Nya!

Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Makachaze/Makaveze isigameko lapho kwaqhuma isibhamu kuhaselwa/kubhikishwa/kugijinywa kwaba khona okwenzakalayo. Kwaba khona isililo/ukudideka/kwathula umsindo/kwahlakazekwa/kwaqala umjaho.

[50]

1.3 Bangibheca Ngobende Inyama Ngingayidlanga

Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda lesi simo sokukhuluma. Ohlolwayo kulindeleke ukuba abhale ngesigameko esingesihle esiveza ukuthi kukhona abamqambela amanga ngokuthi wenza okuthile ebe engakwenzanga.

[50]

1.4 Imibhalo Ebhalwa Ezindongeni Zezindawo Zomphakathi (*Igrafithi*) Inobuhle Nobubi Bayo.

Ohlolwayo makabonakale ethinta izinhlangothi zombili ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo.

[50]

1.5 Ezemidlalo Ziyikhambi.

Ohlolwayo angabhala nganoma yiziphi izinhlobo zemidlalo azithandayo. Ohlolwayo kumele acacise ngezinto ezinhle ezenziwa ukuba khona kwezemidlalo emphakathini.

[50]

1.6 Isifo Esingiphethe Siyimfihlo Yami

Ohlolwayo kufanele athathe uhlangothi zisuka nje. Avumelane noma aphikisane nesihloko. Uma evumelana nesihloko akaveze ubuhle obulethwa ukungatsheli muntu ngesifo anaso. (Isb. Ukukhululeka kungabi bikho muntu ozomcwasa nganoma iyiphi indlela.) Uma engavumelani nesihloko makaveze ububi bokuba nemfihlo (Isb. Ukuzivalela amathuba okuthola ukuxhaswa umndeni, abangani nasebenza nabo uma kunesidingo. Umndeni ungachitha imali uqagela ngesifo esikuphethwe), njl.

[50]

- 1.7 1.7.1 Ohlolwayo makabhale isihloko esihambisana nokwenzeka esithombeni. Indaba yakhe kumele ihambisane nokuqukethwe isithombe. Isb. Umjaho Wamahhashi/Kubamba Ezingelayo/Amathuba Ayafika Adlule/Impilo Ingumjaho/Ingumncintiswano/I-Ningizimu Afrika Entsha/njl. **[50]**
- 1.7.2 Ohlolwayo makabhale isihloko esihambisana nokwenzeka esithombeni. Indaba yakhe kumele ihambisane nokuqukethwe isithombe. Isib. Ziyime Emthumeni/Ngavele Ngangazi Okufanele Ngikwenze/Sekwanele/Bengenzani/Ingcindezi/Ukhwantalala/Ngiyazesaba Izikweletu/Ngacishe Ngasangana njl. **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**INCWADI YOBUNGANI/IKHARIKHULAMU VITHAYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO/AMAMINITHI OMHLANGANO/INKULUMO ELUNGISELWE/I-INTHAVYU/INCWADI YOMSEBENZI****IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
	13–15	10–12	7–9	4–6	0–3
OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-15	-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindlekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile.	-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana.	-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni – inamaphutha asendimeni -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa.	-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile.	-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi.
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukuqinisekiswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-10	9–10 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo.	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Kunamaphushana.	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	3–4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeleki kahle.	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu.

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

Q = 15

L = 10

OKULINDELEKILE

2.1 INCWADI YOBUNGANI

- Iba nekheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lihamba nosuku. (31 Mfumfu 2019, 31 Okthoba 2019)
- Isibingelelo asiveze ubuhlobo noma isithakazelo, isibonelo: Gogo/Khulu/Ngcolosi
- Isingeniso: siba sifushane. Asikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kwababhalelanayo/nenhloso.
- Umzimba: umayelana nokucela indawo yokuhlala ngezimpelasonto ukuze asondele etohweni alitholile.
- Isiphetho: kumele ohlowayo avelise, angaveza ukuthi uyathemba ugoro wakhe uzokwazi ukumnika indawo yokuhlala okwesikhashana. Khonza kubo bonke ekhaya.
- Valelisa ukhombise ubuhlobo, isb. Yimina umzukulu wakho uLwazi

QAPHELA: Asifakwa isibongo esivalelisweni.

[25]

2.2 INKULUMOMPENDULWANO/INGXOXO

- Ohlolwayo akaqale ngokubhala isihloko, isb. Inkulumompendulwano Phakathi KoMqondisi nomfundi
- Ohlolwayo makabhale isethulo senkulumompendulwano (iphakathi kobani, indawo abakuyo futhi imayelana nani)
- Makabaqambe amagama abazokhuluma; (isb. uThoba/uNtando (umfundi), uNksz./uMnu. Thusi (uMqondisi))
- Amagama mawabhalwe ngasesandleni sokunxele sekhasi alandelwe ikholoni.
- Ohlolwayo makasebenzise umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Isingeniso: inkulumo ayingeniswe ngokubingelelana nokuzethula.
- Umzimba: mawunamathale engqikithini yenkulumompendulwano.
- Isiphetho: masikhombise ukuthi inkulumo isifike emaphethelweni. Kungaba nesivumelwano.

QAPHELA: Imizwa yabalingiswa mayivele enkulumeni yabo ukuze kugwenywe ukusetshenziswa kwenkulumo ekubakaki.

[25]

2.3 INCWADI EYA KUMHLELI

- Iba namakheli amabili.
- Ikheli lobhalayo lihambisane nosuku. (05 Mandulo 2019; 05 Septhemba 2019)
- Ikheli lesibili lobhalelwayo liqala ngesikhundla sobhalelwayo (Mhleli), alubhalwa usuku.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Isb: Mnumzane/Nkosazana/Nkosikazi, njl.
- Mayibe nesihloko: Isb. Incwadi Yokukhononda Ngodaba Olungelona Iqiniso/INCWADI YOKUKHONONDA NGODABA OLUNGELONA IQINISO
- Isingeniso: Obhalayo makazethule anikeze isizathu sokubhalwa kwencwadi.
- Umzimba: Makazwakalise imizwa yakhe neyomndeni mayelana nokushicilelwa kodaba olungelona iqiniso.
- Isiphetho: Makuvele ukuthi uzokuthokozela ukukhishwa kwencwadi eyisixoliso kuleli phephandaba/Makazinikele ukuba ne-inthavyu ukuze kulungiswe lolu daba./Makaveze izinyathelo azozithatha uma bengalulungisi lolu daba.
- Makavalelise akhombise ukuzithoba isb. Yimina ozithobayo uZithobe Ntanzi

QAPHELA: Makubhalwe igama nesibongo

[25]

2.4 UMLANDO KAMUFI

- Isihloko masibhalwe sigqame sibe namagama kamufi aphelele, isb. Umlando kaZamlandela Ntokozo Khumalo.
- Isigaba sokuqala: Makubhalwe amagama akhe aphelele, usuku azalwa ngalo, uzalwa ngobani, wazalelwa kuphi.
- Isigaba sesibili: Izikole zemfundo afunda kuzona.
- Isigaba sesithathu: Izinto ezinhle azenzile esikoleni, emphakathini nasemndenini.
- Isigaba sesine: Usuku adlule ngalo emhlabeni. Abantu abayigazi lakhe abashiye emhlabeni.
- Ekugcineni kungaphethwa ngomusho omfushane wokumvalelisa, Isb. Lala uphumule Mntungwa/Ulale ngokuthula/ngoxolo

[25]

2.5 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

I-Ajenda yomhlangano

Makubhalwe i-ajenda njengoba inikeziwe isifakwe neminingwane edingekayo.

Amaminithi omhlangano

- Makubhalwe okwenzeke emhlanganweni kulandelwa uhlu lwe-Ajenda
- Makubhalwe kufingqwe obekushiwo nokugcine kuvunyelwene ngakho kuhambisane namaphuzu abhalwe ku-ajenda.
- Makusetshenziswe inkathi edlule.

[25]

I-INTHAVYU

2.6

- Ohlolwayo makaqale ngokubhala isihloko, isb. I-inthavyu Phakathi Kukanobhala Wekomidi Lentsha Nomele Isikhungo Semfundo Ephakeme.
- Ohlolwayo makabhale isethulo se-inthavyu (iphakathi kobani, indawo abakuyo futhi imayelana nani) Isib. Kusekuseni ehhovisi likaThishanhlolo, uThemba une-inthavyu noMnumzane uZondi mayelana nolwazi oludingekayo kulabo abafisa ukuyofunda esikhungweni semfundo ephakeme.
- Amagama mawabhalwe ngasesandleni sokunxele sekhasi alandelwe ikholoni.
- Ohlolwayo makasebenzise umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Isingeniso: i-inthavyu ayingeniswe ngokubingelelana nokuzethula.
- Umzimba: mawunamathale engqikithini ye-inthavyu.
- Isiphetho: masikhombise ukuthi i-inthavyu isifike emaphethelweni. Kungaba nesivumelwano.

QAPHELA:

- Obuzayo ubuza kafuphi kuthi ophendulayo enabe.
- Imizwa yabalingiswa mayivele enkulumeni yabo ukuze kugwenywe ukusetshenziswa kwenkulumo ekubakaki.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100